**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

1. Fundisisa yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

2. Leli phepha lineziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Amanoveli | (25) |
| ISIQEPHU C: | Imidlalo | (25) |

3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini LESITHATHU ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.

4. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini A maziphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

5. Izimpendulo zemibuzo emide esiqeshini B no C maziphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

6. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikeziwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.

7. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

8. Uyelulekwa ukuba ubhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Indlela yokusebenzisa isikhathi:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-40 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-55 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-55 |

**OKUQUKETHWE**

Phendula imibuzo **EMIHLANU** enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**AMAHLOKOHLOKO (EJ Mhlanga, JJ Thwala)**
**IZINKWAZI ZOTHUKELA (LPM Makhanya)**

Kulezi zinkondlo ezine ezibuziwe, phendula noma ngabe yiziphi izinkondlo **EZIMBILI**.

Uphoqelekile ukuphendula inkondlo **ENGAMISELWE**. Phendula **UMBUZO 5** noma **UMBUZO 6.**

| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** | **INOMBOLO YEKHASI** |
|---|---|---|---|
| 1. Kwakungelula | Umbuzo omude | 10 | 5 |
| | **NOMA** | | |
| 2. Ngaphansi Komthunzi | Umbuzo omfushane | 10 | 6 |
| | **NOMA** | | |
| 3. Umshado Wanamuhla | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| | **NOMA** | | |
| 4. Yekanini Ukungazi | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |

**KANYE**

Nenkondlo engamiselwe: Phendula noma imuphi umbuzo **OWODWA**.

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5. Agcwele Amangcwaba | Umbuzo omude | 10 | 9 |
| | **NOMA** | | |
| 6. Agcwele Amangcwaba | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |

**ISIQEPHU B: AMANOVELI**

Phendula umbuzo **OWODWA.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 7. Inoveli 1 *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 11 |
| | **NOMA** | | |
| 8. Inoveli 1 *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 11 |
| | **NOMA** | | |
| 9. Inoveli 2 *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 12 |
| | **NOMA** | | |
| 10. Inoveli 2 *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 13 |
| | **NOMA** | | |
| 11. Inoveli 3 *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 14 |
| | **NOMA** | | |
| 12. Inoveli 3 *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 15 |

| **ISIQEPHU C: IMIDLALO**<br><br>Phendula umbuzo **OWODWA.** | | | |
|---|---|---|---|
| 13. Umdlalo 1<br>*Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 17 |
| **NOMA** | | | |
| 14. Umdlalo 1<br>*Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 17 |
| **NOMA** | | | |
| 15. Umdlalo 2<br>*Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 19 |
| **NOMA** | | | |
| 16. UMBUZO 15: Umdlalo 2<br>*Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 19 |

**QAPHELA:** Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nasesiqeshini C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

**IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO**

Umbuzo 1–4 Khetha noma iziphi izinkondlo **EZIMBILI.**
Umbuzo 5–6 Khetha **OWODWA** umbuzo.
Umbuzo 7–12 Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kuleyo noveli oyifundile.
Umbuzo 13–16 Khetha **OWODWA** (omude noma omfushane) kulowo mdlalo owufundile.

**Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.**

Abahlolwayo emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha mabasebenzise leli thebula elilandelayo ukuze babe nesiqiniseko sokuthi bayikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke bayiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: Izinkondlo<br>(Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: Izinkondlo<br>(Engamiselwe) | 5–6 | 1 | |
| B: Inoveli<br>(Omude NOMA Omfushane) | 7–12 | 1 | |
| C: Umdlalo<br>(Omude NOMA Omfushane) | 13–16 | 1 | |

**QAPHELA:** Esiqeshini B no C phendula umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

**Izinkondlo ezimiselwe:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Kwakungelula – N Kheswa**

Lapho kwakudingeka mina nodokotela
Ngingavumelekile ukungena nasihlobo
Ngangiqhaqhazela-nokho yize uvalo.
Ngangibuye ngizisole kulapho ngangifuthelwa;
Izilonda zazimincike wonke umzimba.
Babekhona ababeseduze kwami
Kodwa bengezile ngalobu bunzima:
KWAKUNGELULA.

Ngangiqhutshwa ngenqola umhlengikazi
Ngilengisile isigujana samanzi angena ngemithambo
Ngiyaluzwa uvalo oludabula izibili
Nezilonda ziyankenketha ngaphansi kwamashidi.
Isandla sokudla asisasebenzi
Akulula, ngilindele ezinhle nezimbi
Kungenzeka ukuthi kule nqola sengihleli unomphelo
Nesizathu sokuthi ngitshelwe kangisiboni
Kakade ikhambi bayalilandula-
KWAKUNGELULA.

Ngilinde nje imishini yemicabango ilokhu igayile
Ngabe lo owasithela kimi wayazi?
Qha kungenzeka ngimsulwa.
Uma ngingemsulwa-ke?
Umndeni wami ngiyowazisa kanjani?
Abatholakala benakho abasuke boneni?
Kungenzeke kimi ngoba nginjani?
IMPELA KWAKUNGELULA.

Wavela udokotela lapho siqala sibuya isibindi
Kwakuthi angithi akame umhlengikazi
Shwi! Inqola egumbini
Cha kunzima namhlanje;
Uhlale engibonela embhedeni
Namhlanje kufanele sibe sobabili
Ifayela selisesandleni sakhe
Kwasengathi kukhona oshaya ikhanda ngepiki
Lawo mazwi alihlahlela lanqamuka phakathi.
Ngaphaphama sengikwelinye ikamelo-
WO, KWAKUNGELULA!

Chaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kuyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngaphansi Komthunzi – P Ngubo**

Ungilondile ngalondeka ngathokoza,
Ngahlala ngenaba ngamamfuza nganwampel' izangqqondo,
Izindebe zehla amafutha zaba bushelelezi,
Iso labona nokungabonwa sangoma nampholofithi,
Ingqondo yaphakama yangangezulu,
Yajula yathokoza ngahalalisa kuSomaqhinga,
Ngayindab' ezweni ngingumuntu odlal' amakhubalo-
Amakhubal' engawathol'enyangeni yakwaNgqondonkulu.
Ngininik'uphaphe lwendlondlo Sonane noMaMtimande omkhulu,
Ngokunginika ithuba ngisike kwelinonile.
Nginiphakamisa nobabili ngokungemulisa ngisik'insonyama.
Lezi zenz'enangipha zona naningihlomisa;
Noma kunini ngithokozel'ukungadlali Ndiya naBhunu.
Lesi sibani kasicimi nom'izivunguvungu zihlasela.

2.1 Nikeza amagama AMABILI akhombisa ukuthi imbongi ifunde esikhungweni sezemfundo ephakeme. (2)

2.2 Chaza ukuthi isihloko 'Ngaphansi Komthunzi' siwuthinta kanjani umoya wenkondlo. (2)

2.3 Chaza ukuthi ukuxhumana okutshekile/okuyingxemu okusemgqeni wesi-7 nowesi-8 kuwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (2)

2.4 Ngabe amagama adwetshelwe asemgqeni we-13 aqukethe muphi umuzwa ngokwesimo sezombusazwe kuleli ngesikhathi sobandlululo? Sekela impendulo yakho. (2)

2.5 Phawula ngekhono imbongi elisebenzisile ekukhetheni amagama adwetshelwe emgqeni wesi-9. (2)
**[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Umshado Wanamuhla – GC Zulu-Kabanyane**

Kungani indoda ingayi esibhakeleni?
Ngabhakelwa ngingenakuzivikela.
Hhe, yimi lo osemabobosi!
Hhe, yimi lo osenamahloni ngezwe!
Kazi kwakhala nyonini?

Ngaphenduka umdatshukelwa,
Ngabangela abanye usizi,
Ngabuzwa ukuthi ngihlaleleni,
Ibhodwe laqhubeka lingishisa,
Unembeza ushonephi?

Kazi sifundo sini lesi
Engifundiswa sona nsuku zonke?
Kanti ndlelani engiyikhonjiswa nsuku zonke?
Kanti seluleko sini lesi engisinikwa ngendluzula?

Yini lo mshophi ongehlelayo?
Kwafika wena kwacasha izinyo?
Uma kuhlekwa, kuhlekwa wena.
Uma kuthulwe uyedelelwa
Angisakwazi okulungile nokungalungile.

Yini ekujabulisayo ekuhlukumezeni?
Mqamelo ngiyakuzwela
Usuwaphenduka inkongozelo
Yamanzi anosawoti
Ingabe ukuba uyakhuluma
Ubuyokhininda ziphi?
Impela okwami okwezandla!

3.1 Nikeza isizathu sokuthi lo wesimame athi wayesenamahloni ngezwe njengoba kuvezwe emgqeni wesi-4. (2)

3.2 Chaza ukuthi igama elisemgqeni wesi-2 elidwetshelwe lichazani ngokomqondo wenkondlo. (2)

3.3 Chaza ukuthi imigqa esuka kowama-21 ukuya kowama-26 iwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. (2)

3.4 Izenzo zowesilisa okukhulunywa ngaye kule nkondlo zimveza njengomuntu onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

3.5 Phawula ukuthi imbongi iphumelele kanjani ukusebenzisa umbuzombumbulu esitanzeni sesi-3. (2)
**[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Yekanini Ukungazi – PB Vilakazi**

Kweyam'impilo yokungazi,
Ayeqendukil' amehlo engaboni,
Kuboph'ufasimbe lwenkung'emqondweni,
Ngingaboni kuphuma nokushona kwelanga,
Konke kuyinal'engenakunqamuka,
Engenakushatshalaliswa nangamakloba
Ahangul'izikhotha zibhincele nxanye,
Zishintsh'imibala njengonwabu.

Kwakumnand'ukukhuluma ngokutetema,
Ngibik'ubuthakathaka ngokufehla,
Ngibik'indlala ngokudind'isililo,
Konke kujoj'inhliziyo kamama,
Angikhuselis'embelekweni ngijabule.

Kwakumnandi ngizikhomba ngizikhombile
Izidingo ezazithokozisa mina ngedwa,
Ngingenakucabangel'omuny'umuntu
Ngob'engabalulekile njengami.

Emadlelweni ngangelusa ngokuthanda,
Ngibhushuzela ngemuva kwamathole,
Konke ngikwenza ngokuthanda,
Uma ngingathandi ngizigingqe phansi,
Ngibik'umkhuhlane ongayindawo,
Akhathazek'umama engaqondi.

Namuhla idamukil'inkungu,
Umqondo wokuzenzisa uhambile,
Unyamalale nobuncane bami,
Ngisele nemigoqo engancengi,
Engibondis'isijingi sokuxakeka,
Ngibasadondolozele kuphuk'udondolo,
Ukhakhayi lwephuz'ukuqina,
Ngibamb' insimb'eshisayo ngezandla,
Ngibhinc'izigege ezidilikayo.
Yizona njalo izithelo zombuso.

4.1 Yikuphi OKUBILI okusesitanzeni soku-1 okushiwo imbongi okuveza ukuthi lo muntu wayenjani ekukhuleni kwakhe? (2)

4.2 Chaza kafushane ukuthi izakhiwo zomugqa wesi-9 ukuya kowe-13 ziwulolonga kanjani umqondo walesi sitanza. (2)

4.3 Hlaziya isimo sokukhuluma esidwetshelwe esisemgqeni wama-24 njengoba sisetshenziswe enkondlweni. (2)

4.4 Ngokucabanga kwakho ngabe imbongi iphumelele kanjani ukusebenzisa isu lokuqhathanisa imiqondo esitanzeni soku-1 nesesi-5? Sekela impendulo yakho. (2)

4.5 Phawula ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni umfanekisomqondo osemgqeni wama-31. (2)
**[10]**

**KANYE**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMUDE)**

INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)
Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. Umbuzo wesi-5 (omude) noma umbuzo wesi-6 (omfushane).

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Agcwele Amangcwaba – F Manzi**

Uma sinqaba ukuyalwa
Sizozithola sesitshalwa
Sizotshalwaphi ngoba amathuna agcwele,
Awaneli ngisho nabangcwele?

Uhulumeni usinike amathuba amaningi
Kodw' izidumbu zigcwalis'amangcwab'amaningi
Ngoba singafuni ukulalela
Ngoba singafuni ukunakekela.

Mantombazane masihlale ngentombi
Ukuze singavelelwa okubi
Ngoba singazithola egodini sesisodwa
Ngenxa yokuthi sanqotshwa umzwangedwa
Kanti sanqaba ukuyalwa.
Njengoba sekufanele sitshalwe
Sizotshalwaphi ngoba namathuna asegcwele,
Awaneli ngisho nabaziphethe ngobungcwele?
Vuma ukuyalwa uzwe
Njengomuntu omusha uvuse isizwe
Uhulumeni usinike amathuba amaningi

Ukuze ngezimpilo zethu sifeze okuningi
Kodwa thina sikhetha ukuba ukufa kusanele
Ngeshwa asazi ukuthi amathuna awanele
Ngoba phela senqaba ukuyalwa.
Bantu abasha amaliba asegcwele phama
Ngakho ithuba lethu leli lokuphaphama
Lokungavumeli ukuthi umzwangedwa
Usithole sesisegodini sonke.

Salalela siyophuma ekhaya ngemvakazi
Umphakathi uqobo ube ngofakazi
Ngoba thina salalela
Manje sesiyaphumelela
Omama bayobe sebethi, 'Lilili lilili'.
Kunokuba badinde isililo.
Njengoba amathuna ephela
Qaphela mfan'izinyembezi zomama zingapheli
Ngoba ungafuni ukusizwa
Ube uthi uyinsizwa.

Chaza ukuthi imifanekisomqondo iwuthinta kanjani umoya wale nkondlo. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AGCWELE AMANGCWABA* – N Kheswa**

Phinda ufunde inkondlo esembuzweni wesi-5 ngenhla, 'Agcwele Amangcwaba', bese uphendula imibuzo elandelayo.

6.1 Nikeza amagama AMABILI asenkondlweni anomqondofana naleli elidwetshelwe emgqeni wesi-3. (2)

6.2 Nikeza umqondo oqukethwe umugqa wesi-9. (2)

6.3 Chaza ukuthi imvumelwano siqalo esemgqeni wesi-2 nowesi-3 iwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (2)

6.4 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwesimo sokukhuluma esidwetshelwe emgqeni wama-24 kuwuthinta kanjani umoya wenkondlo. (2)

6.5 Imbongi iwukhombise kanjani umoya wethemba emgqeni wama-28 kuya emgqeni wama-32? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Hlolisisa ukuthi umbhali ulusebenzise kanjani udweshu ukukhulisa indaba yakhe. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

### UMBUZO 8 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

Nalapho esephumile esibhedlela uNontobeko, uNkululeko wayengasapheli efulethini lakhe emvakashela emphathela izinto ezimnandi. Ekugcineni wagcina esehlulekile ukuzibamba, wabhoboka wamtshela okwakumudla ngaphakathi.
'Ngiyakuthanda Nontobeko. Ngicela sithandane ...' encenga ngeligcwele umunyu.
'Ngeke kulunge Nkululeko ...' enqaphaza kucweba izinyembezi.
'Zama bandla, sale usuwenzela mina nje,' esho etshekisa ikhanda, eneka izandla encengisisa intokazi eyayisithumbe inhliziyo yakhe, yamenza wayithanda ngendlela ayengakaze athande ngayo omunye umuntu, esefisa ukuba ivume ukuba bathandane, ukuze ayikhombise lonke uthando, kungagcini lapho, ayithathe iyomakhisa umuzi.
'Ngakutshela nje indaba yobuhlungu engabuzwa mhla sehlukana noMhlengi. Kangiboni ukuthi inhliziyo yami isengakwazi ukuthanda omunye umuntu ...'
'Zama sisi, siyoyeka uma wehluleka. Mhlawumbe ukuthandana nami nje yiyona ndlela ongakhohlwa ngayo yindaba kaMhlengi,' kuncenga uNkululeko sekucweba nezinyembezi endodeni.
'Uthi ngiyoke ngimkhohlwe kodwa uMhlengi bakithi? Ngeke, ngeke!' esho edazuluka futhi, kucaca nje ukuthi uma kuthintwa ekaMhlengi kuvele kuthunukale amanxeba enhliziyweni.

Wayemncengisisile impela uNkululeko. Ekugcineni wagcina evumile uNontobeko.
'Uyangithembisa ukuthi ngeke ungilwise uma ngehluleka endleleni?' ebuzisisa emgqolozele emehlweni sengathi ufuna ukwenza isiqiniseko sokuthi lo mbuzo uyowukhumbula uNkululeko mhla kwenzeka ephinde ewubuzwa.

'Ngeke s'thandwa sami ngoba ungichazelile konke ...' kuvuma uNkululeko eziqinisa, esebonga khona nje ukuthi intokazi ivumile nanxa isalokhu ibalisa ngalo Mhlengi wayo. Kwaba ukuvuma nje, uNkululeko wakhipha lonke uthando wahlukana nawo wonke la mantombazane ayekade ethandana nawo ezichithela isizungu nje engakamazi uNontobeko. Kwedlula izinyangana wakhuluma eyomshado. Wayesephuthunyiswa wuthando nokwazi phela ukuthi isiZulu sithi oseyishayile akakayosi.

8.1 Xoxa ngodweshu lwangaphakathi olukuNkululeko kulesi siqeshana. (2)

8.2 Yikuphi okuphambene nosikompilo okwenziwa uNontobeko okwaphatha kabi isalukazi ngosuku olwalwandulela olomshado? (2)

8.3 Yisho isithakazelo uNgidi ayebiza umseshi ozimele uShezi uma emhlonipha. (1)

8.4 Chaza ukuthi umbhali umveze njengomlingiswa onjani ngokwesimilo uNontobeko kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)

8.5 Chaza kafushane ngesigameko esenzeka kuNontobeko esaholela ekutheni abe sesibhedlela. (3)

8.6 Yini inhloso yombhali ngokusebenzisa isu elilandelayo lokubikezela, 'Uyangethembisa ukuthi ngeke ungilwise uma ngehluleka endleleni?' (2)

8.7 UMBONO noma IQINISO ukuthi uMhlengi waziguqula ubulili waba ngumuntu wesifazane ngokuphelele? Sekela impendulo yakho. (2)

8.8 Chaza ngomphumela wesenzo sikaNdumiso sokuletha uZakithi esokeni lakhe uSibusiso. (2)

8.9 Liphumelele yini isu lombhali lokusebenzisa lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo?

8.9.1 Wabhoboka wamtshela okwakumudla ngaphakathi. (1)

8.9.2 isiZulu sithi: 'oseyishayile akakayosi'. (1)

8.10 Ngokwesizinda sale noveli umlingiswa onguNgidi uyahambisana yini nezinguquko ezihambisana nenkathi? Sekela impendulo yakho. (2)

8.11 Ngokucabanga kwakho kwakufanele noma kwakungafanele yini ukuba uNgidi atshele uNontobeko ukuthi uMhlengi wayeseyi-'*gay*'? Sekela impendulo yakho. (2)

8.12 Hlaziya ikhono lombhali ekuphetheni le noveli. (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 9: (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Hlolisisa ukuthi umbhali ulusebenzise kanjani udweshu ukukhulisa indaba yakhe. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Nanso-ke! Nanso-ke Sho!' kusho uJamu ngesiNgisi eyibona ngokuwacisha iwakhanyisa amathoshi. 'Cupha-ke Shosholoza. Uwena ozombamba ngimbulale.'

'Ngokwesivumelwano engisisayine nomqashi wami ngizomkhomba wena umbulale.'

'Esenu nobabili leso. Esami naye sithi thina nawe sikhokhelwe ukuba sizobulala. Ungabhedi lapha. Uma ungaqapheli kuzosala wena enkundleni. Sobabili singababulali. Futhi ngizoqala ngokumgcweleza lapha ezihlahleni ngingakambulali. Nginenkinga. Isifazane siyangibalekela. Vele lona uzokufa.'

'Ngeke ubenze lobo bulwane. Nami sengingafela lapha. Asizona izimpisi. Sibulawiswa yindlala. Ukumbulala kukodwa kungaphezu kobulwane. Yichilo le ...'

'Kulungile phela. Uzosala lapha enkundleni uma uyisilima. Nx, angazi ukuthi lo muntu ubethi ngizosebenza nomuntu odideke kangaka.'

* * * * *

'Isondo elingakuwe alisenamoya. Ngiyayimisa manje,' eyabo isondela emotweni emi emnyameni. Wahlahla amehlo umkakhe wathi,

'Ngabe sivelelwa yini sisendaweni embi kanjena? Asicacamezele baba sedlule le moto siyoma phambidlana. Angiyethembi.'

Wayincenga uChule esesondela esizindeni sokufa, wayedlula yasithela imoto eyayisolwa uNomvula. Wayimisa emnyameni, khona emmangweni, iphakathi komsaho notatalambu wewa. Wehla wayizungeza ebuka wonke amasondo, amehlo egxile kwelingaphambili, ngakwesobunxele. Waguqa walibuka, wayesewukhipha kancane futhi umoya ngamabomu eshiya inkeshezana. Wabuyela kumkakhe wathi, 'Leli thayi lizosibulala ngiyalikhipha.'

'Yimbi, iwummango futhi le ndawo oyimise kuyo. Ingahle ihlehle isilimaze. Yincenge kancane siyomela phambili,' ethukela limtshela igazi.
UChule wamhlaba ngehlo elibi wathi, 'Ayikho nami into engizoyenza kaMazibuko. Akuntando yami ukufelwa yimoto emaweni. Lizodabuka liphele ithayi lami uma, ngiqhubeka. Limalini ithayi?'
'Chule imali ayilutho kunempilo.'

10.1 Yisiphi isizathu esasibangela uJamu ukuba akhulume isiNgisi? (2)

10.2 Yini inhloso yomlingiswa uChule yokwehlisa umoya ethayini lemoto ababehamba ngayo? (2)

10.3 Ngokwalesi siqeshana ngubani lo mlingiswa uJamu akhuluma naye? (1)

10.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu esitholakala esingenisweni sale noveli. (2)

10.5 Chaza kafushane ngobugebengu obenziwa uChule uma esefike endaweni lapho ayezohlangana khona nababezobulala umkakhe. (3)

10.6 Ngabe myalezo muni otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

10.7 Ngabe umlandi umveze njengomlingiswa onjani uChule kule noveli? Sekela impendulo yakho. (2)

10.8 Umbhali uphumelele yini ukusebenzisa isu lokubikezela ngokusebenzisa lesi simo sokukhuluma esidwetshelwe?
Uma ungaqapheli kuzosala wena enkundleni. (2)

10.9 Umculo kaGenyeza waba namthelela muni ebudlelwaneni bukaMirriam noChule? (2)

10.10 Ngokwazi kwakho indaba, ngabe laphumelela yini icebo likaChule lokuzama ukubulala uMirriam? Sekela impendulo yakho. (2)

10.11 Umbhali uyisebenzise kanjani ingwijikhwebu endabeni ngemuva kokuba uMaHadebe ezame ukubulala uNomvula. (2)

10.12 Phawula ngendlela umlandi asebenzise ngayo ulimi ukuchaza ububi bendawo lapho uChule wayezohlangana khona nababulali? Sekela impendulo yakho ngezibonelo EZIMBILI. (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Hlolisisa ukuthi umbhali ulusebenzise kanjani udweshu ukukhulisa indaba yakhe. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Yebo khona uSithole mdala kunami, kodwa uyangithanda bantu. Wangiphathisa okweqanda emsebenzini esitolo sakwakhe. Wangithengela izimpahla zikanokusho. Wangifunela umsebenzi kuNaidoo ngemuva kokunganambithisisani nomkakhe uMaNzimande. Manje uzimisele ukuba ngibe wundlunkulu wakwakhe. Abazali bami futhi bangadla kahle ngami. Abanye abantu bathi umuntu omdala unempatho. Selokhu kwathi nhlo uSithole ukhuluma ulimi olulodwa; ulimi lokuthi ufuna ngibe ngumkakhe azoziqhenya ngaye. Selokhu ngingenile kule ndlu usengikhombisile ukuthi angangiphatha kanjani uma ngivuma. Nabantu bayasho ukuthi ngayeka izehla, imana uqobo lwayo.' UDumazile wathatha isinqumo asibona ukuthi simfanele.
USithole wafika uDumazile esefikile evela emsebenzini. Wathi engena yena wayebingelelwa ngenkomishi yekhofi. Kwalandela esivuthayo isitshulu lesi. Kwenzeka konke lokhu nje abamile, kodwa bayaxoxa.
'Akakuthethisi umkakho njengoba ungasavamile ukuya e-Adams?'
'Athethise bani, mina? Uyangazi naye ehlezi nje!' Ahleke kancane uDumazile.
'Ngisazomvova! Yena, ngisazomvova! Ngiyezwa futhi ngabasiki bebunda ukuthi usethambe useyimfocomfoco.'
'Hawu! Wathi uzwa ngosibhincamakhasana, kanti wena awusayi yini kwakho ukuyodla ilantshi emini?'
'Angilubeki! Hleze angidlise lo mfazi.'
Yena kanti akafiki yini esitolo ukukulethela inkumbulo?
'Wazi kahle ukuthi kungenzekani uma engase afike esitolo. Wazi kahle. Ngamvala kulokho.' UDumazile wabe esexoxaxoxa ngezinto nje eziphathelene nomsebenzi wakwaNaidoo. Wagcina ngokuthi: 'Mayelana nesicelo sakho semihla ngemihla ...' Athi ukuthula kancane uDumazile. USithole ahlahle amehlo elindele. UDumazile waqhuba wathi: 'Hhayi bengidlala!' Ayifunde ivaliwe uSithole.
'Ngijatshuliswa yikho nje ukuthi unesikhathi sokudlala nami.'

12.1 Ngokwalesi siqeshana nikeza OKUKODWA okwakwenziwa uSithole ukuheha uDumazile. (1)

12.2 Yikuphi okwakushiwo abantu okwabanomthelela ekutheni umlingiswa osemqoka aqome ubaba uSithole? (2)

12.3 Uma ubheka isimo senhlalo, amazwi kaSithole athi: 'Ngisazomvova! Yena, ngisazomvova!' agqamisa isimo esinjani? Sekela impendulo yakho. (2)

12.4 Nikeza izinkolelo ezingafani zabazali bakaDumazile ababenazo ngendlela yokukhulisa ingane yentombazana. (3)

12.5 UDumazile walihlela kanjani isu lokuthola imali kaSithole? (2)

12.6 Ngabe umbhali usisebenzise kahle yini isimo sokukhuluma esidwetshelwe? Sekela ngokwenzeka endabeni.
<u>Wangiphathisa okweqanda</u> emsebenzini esitolo sakwakhe. (2)

12.7 NgokweNqubomgomo evikela amalungelo abafundi bakuleli, kwakufanele yini ukuba uThishomkhulu axoshe uDumazile ngoba ekhulelwe? Sekela impendulo yakho. (2)

12.8 Yimuphi umyalezo odluliswa umbhali ngesenzo somlingiswa onguDumazile sokuya ocansini olungaphephile noMoloi? (2)

12.9 Ngokwalesi siqeshana ngabe umbhali umveze njengomlingiswa onjani uSithole? Sekela impendulo yakho. (2)

12.10 Kwamsiza ngani umlingiswa osemqoka ukuxolisa kwakhe esesokhukhwini lokufa? (2)

12.11 Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini ukuba uSithole athengele uDumazile umuzi? Sekela impendula yakho. (2)

12.12 Ngabe uyazwelana noMaNzimande ngesimo azithola ekusona emva kokuba umyeni wakhe uSithole esethandana noDumazile? Sekela impendulo yakho. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 13 (UMBUZO OMUDE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

Hlolisisa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli (uMdaluli) kanye nenhloso yalo mdlalo othi: **Kudela Owaziyo**. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

### UMBUZO 14 (UMBUZO OMFUSHANE)

### *KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

*(Kusihlwa elawunji emzini kaMdaluli, uMdaluli uhlezi kowakhe usofa, kube ngumkakhe kanye namadodakazi abo amathathu kowabo usofa, babuka izithombe zohlelo oluhlabahlosile kuthelevishini. Balusheba nengxoxo yabo eqhubeka kamnandi kanje …)*

MDALULI: Angazi noma ukhona yini lapha phakathi kwenu bantabami owake wabasa ngezinkuni zalo muthi obizwa ngokuthi idungamuzi.

BOBATHATHU: *(Kanye kanye)* Cha baba

NENELEZI: (*Umangele)* Ngabe uyicatshangiswa yini into enjangaleyo ubaba?

MDALULI: Ngisho ngoba phela ukuphelelwa kwami wumsebenzi kwakungafanele neze kungibeke kulo mqansa wokuba ngibe ngumuntu wodlambedlu nodlame lwasekhaya. Ngani na? Ngoba akuqali ngami phela ukudilizwa kwabantu efemini. Baningi abanenkinga efana neyami kodwa abaziqhubekelayo nje nobumnandi bempilo yize bengaphansi kwalezo zimo zengcindezi. Ingani nampa nje omahlalela abangawazi nokuthi unjani umnyango wefemu kumbe wezikhungo zomsebenzi kodwa bayaphila impela nje nemindeni yabo ngemizamo yokupatanisa.

LONDIWE: Kukahle-ke baba uma ngabe isikukhanyela into enjengaleyo.

MDALULI: *(Ngezwi eliphakeme)* Hhayi bo! Nakhu sengicishe ngikhohlwa indaba esemqoka lapha. E … (*athule isikhashana*) Kusasa lokhu okusayo nginqamula amazwe ngendiza ngiphikelela kwelinye lamazwe aseNyakatho ne-Afrika elaziwa ngokuthi yi-Sudan. Yonke into ihlangene ngoba nansi ne*passport* ngiyivuselele engigunyaza ukuyeqa ngokusemthethweni imingcele.

| | |
|---|---|
| KHOMBEPHI: | Njengoba uzonqamula amazwe nje baba inhloso yakho lapho ngempela yiyona yiphi? |
| MDALULI: | *(Uhleka kakhulu)* Muhle kakhulu lo mbuzo ongibuza wona Khombephi ndodakazi, impendulo yawo izothi ngiyavakasha nje ukuze ngizishayelwe ngumoya. Mhlawumbe ngizobuya sengifunde nokuningi nje kanye nokuthi indoda eqotho nezimisele ngentuthuko nangenqubekela phambili yomuzi wayo yenzenjani. |

14.1 Umuthi onjani okuthiwa idungamuzi? (1)

14.2 Enye yezindikimba zalo mdlalo imayelana nodlame lwasekhaya. Sizathu sini esabangela ukuba uMdaluli azithole esenodlame ekhaya? (2)

14.3 Yikuphi okubalulekile okwakuzozuzwa ummeleli ngokuvakasha kwakhe eSudan? (2)

14.4 Chaza kafushane ngokuguquka kwesimo senhlalo emndenini kaMdaluli njengoba siveziwe kulesi siqephu. (3)

14.5 Kwakufanele yini ukuthi uMdaluli ashiye uMaMlanduli uma ethatha uhambo lokuya eSudan? Sekela impendulo yakho. (2)

14.6 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa ibinzana lamagama: '*usikhuluma ubukwerekwere isiZulu*' kulo mdlalo njalo uma kuzokhuluma uChivenga? (2)

14.7 Kube nasifundo sini ukuphenywa nokumiswa kukaHeshane emsebenzini wakhe? (2)

14.8 Ngokucabanga kwakho iziyalo zikaSonhlalakahle uZenyezile zaziyoba namphumela muni emndenini kaMdaluli? Sekela impendulo yakho. (2)

14.9 Ngokucabanga kwakho kufanele yini ukuthi izifiki zigcine seziyizakhamuzi kuleli? (2)

14.10 Umlingiswa onguMbhebhezeli ulilandela kanjani igama lakhe? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa emdlalweni. (2)

14.11 Kwamsiza yini uMdaluli ukuthi alalele abangasekho uma beza kuyena ngephupho? Sekela impendulo yakho. (2)

14.12 Ngabe umbhali uwuphethe ngempumelelo yini umdlalo wakhe? Sekela impendulo yakho. (3) **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Hlolisisa ukuvezwa komlingiswa ongummeleli (uSalimani) kanye nenhloso yalo mdlalo: **Awuwelwa UMngeni**. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 16: (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

| | |
|---|---|
| SALIMANI: | UHulumeni ucuphe uchuku. Nani niyazibonela into eyenzeka laphaya ngaphesheya. *(Esho ekhomba onongqayi nabelungu ngaphesheya.)* Ngize lapha namhlanje ukuzonikhuthaza nginimise isibindi. Namanje ngisasho ngithi awuwelwa uMngeni. Uma uwelwa uyowelwa ngifile. |
| ABANTU: | Elethu! *(Kube nobuxokololwana abantu sebecasukile babuye bazithibe.)* |
| SALIMANI: | Njengoba ngethemba ukuthi isimemezelo sesifinyelele ezindlebeni kinina, kusasa lokhu okusayo nginokhukhulelangoqo wembizo eTsheni. Ngibize uSomtsewu nabalandeli bakhe ukuba eze azozibonela yena ulaka lwenu. Ngithe akeze akazozizwela ngamagwagwakazi akhe nisho kanye kanye nithi aninakwephucwa ilungelo lenu lokuzalwa niyogqilazwa abelungu bamapulazi. Ngiyajabula nje ukubona induna yami uSiyobi Thusi nedlanzana lamadoda ahamba nalo belapha phakathi kwenu. |
| ABANTU: | *(Balula izintamo babuka impunga yakwabo enguSiyobi.)* |
| SALIMANI: | Ngiqonda kahle ukuthi kuke kwatholakala ukuthi bebelapha bangawuthunda bawuphuze. Bangabe bewuphuziswa yibo abelungu bamapulazi labaya behlangene noHulumeni. Njengoba nazi-ke laba bantu bami sebephenduke izigqila laphaya ngapheseya koMngeni emapulazini. Balapha nje beqile. Khona lapha phakathi kwenu kunezimpimpi zabo abelungu noHulumeni ezizobathwala ngamaqoma zibathuthe ziyobethula kobasi bazo.<br>*(Ahlabe ikhefu, abheke ngakuMphiliphili.)* |
| UMUNTU 1: | Ziphi siziphihlize ngamawisa thina siziphonse emanzini zemuke noMngeni? |
| SIKHOVA: | *(Uthulisa umsindo.)* |
| SALIMANI: | Ngifuna nazi ukuthi mina nesizwe sami sonke nginani. Ngeke niphanise kalula nje kuhle kwempahla ngisawadla amabele. Ngimfunge uNomanjebese kaBaba ngeke kwenzeka lokho. Abelungu bayobe babona amehlo esibungu beke bakubona lokho. |

| | |
|---|---|
| ABANTU: | Elethu sonke lelo! |
| SALIMANI: | Uma niza kule mbizo yakusasa nifike nihlomile futhi nivunule niphelele. Phela asimazi uSomtsewu ayokwenza nezicashalala zakhe uma nimtshela emehlweni ukuthi nina aniwuweli uMngeni. Nanxa ngingafuni kuchitheke igazi kodwa kumele nilindele noma yini. |
| UMUNTU 1: | Uphi uMphiliphili ngizifikele kuyena mathupha? Udayisa ngeNkosi yethu? Udayisa ngathi? |
| NOMEHLO: | *(Amkhuze lona osethi akadle uMphiliphili luhlaza.)* |
| SALIMANI: | Ukuphetha le mbizo mina ngiyaqhubeka nokuthi awuwelwa uMngeni? Angithi nani nisho kanjalo noSomtsewu nizomtshela kanjalo? |
| ABANTU: | Elethu! *(Kube nenhlokomo enkulu.)* |

16.1 USomtsewu, oyimbangi wayebizelweni kule mbizo? (2)

16.2 Nikeza isizathu esenza ukuba uSalimani athi ngeke uze uwelwe uMngeni uma ungawelwa, uyowelwa efile. (2)

16.3 Kwakubangelwa yini ukuthi uSalimani ajabule uma ebona uSiyobi Thusi induna yakhe kule mbizo? (2)

16.4 Kwakubangelwa yini ukuthi uNongejeni ahlale ehamba noZithulele uma beyohlangana noSalimani. (2)

16.5 Hlolisisa kafushane ngobuhlakani bukammeleli ekuphetheni inkulumo yakhe kule mbizo? (2)

16.6 Kwakubangelwa yini ukuthi icala likaMphiliphili lithethwe esigcawini kunokuba lithethwe enkantolo? (2)

16.7 Ngabe umbhali usisebenzise kahle yini isimo sokukhuluma esidwetshelwe? Sekela ngokwenzeka endabeni.
Kuke kwatholakala ukuthi bebelapha <u>bangawuthunda bawuphuze ...</u> (2)

16.8 Qhathanisa ukubusa kwenkosi uSalimani kanye nokubusa kukaHulumeni wabelungu omelwe uSomtsewu ubhekise endikimbeni yezombusazwe. (2)

16.9 Kwakuyini inhloso yabantu bamapulazi yokuyohlasela abantu benkosi uSalimani emzini kaMcondo? (2)

16.10 Lwaba namphumela muni udweshu lwabantu bakaSalimani nabantu bakaMgqabula emzini kaMcondo? (2)

16.11 Izenzo zikaSalimani zimveza njengomlingiswa onjani kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

16.12 Ngabe umbhali uwuphethe ngempumelelo yini umdlalo wakhe? (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha